



UPunch Masenamela uyidwala ledifensi ye-Chiefs. Kunzima ukukholwa ukuthi abantu bake balingabaza ithalente lakhe

HE'S A KNOCKOUT!

E

SEYINGANE, abazali bakhe babengakunakile ukudlala kwakhe ibhola. Umfowabo omdala nguye owayenekusasa kwezemidlalo – yena, wayehlaliswa ekhaya, aluse izinkomo. Ukuba nephupho lokuziphilisa ngebhola kwakuyihlaya njengokuwubulima ngalo mfana ocabanga umbhedo.

Kodwa labo bantu bagwinya amazwi abo manje. UPunch Masenamela ungomunye wabadlali abaphambili kuKaizer Chiefs, futhi wasiza iqembu lakhe lapho liwina ngo-3-0 kuFayinali yeTelkom Cup ka-2010.

Phambi kwezihlewele ezingu-91 727 eSoccer City, uPunch washaya ikhrosi enhle kuzakwabo uS'thembiso Ngcobo, owalishaya phakathi, kwachwaza inkundla.

Usefomini enhle kakhulu kangangokuthi angase abizwe noma nini eqenjini lesizwe.

Kodwa le difenda eneminyaka engu-24 ayiziphakamisi ngempumelelo yayo, njengoba ithi, ngaphandle kosizo lozakwabo, ibingekhe ibe ngumdlali enguye namuhla.

UPunch ubuya kude kusukela eselusa izinkomo. Njengoba eyisihlabani esisesisha, ufake ijini ephambili futhi uphethe izikhiye ze-BMW 3 Series coupe yakhe. Uphuma eshaweni ngemva kokujima, kodwa njengoba ekhumula izibuko zakhe ze-Dolce and Gabbana, uthi bekungahambi kahle muva nje.

Amasela agqekeze endlini yakhe eseGlen Marais, eKempston Park, ahlala kuyo noma lume wakhe, uFreddie, ahamba nezinto eziyigugu. "Antshontsha zonke izindebe zami zebhola nezimpahla," esho. "Manje kunabantu abafaka ezokuphepha endlini yami."

Noma kunjalo, akabonakali ekhathazeke kakhulu – unokuzethemba. Uzibonakalisile ukuthi angadlala nezingwazi futhi unethemba lokuthi kungekudala, uzothola ithuba lokuncintisana nabanye emhlabeni wonke.

Nokho, akacaci uma kuthiwa aphawule ngokuthi ucelwe ukuba afakwe eqenjini leBafana. Ufuna nje ukuqhubeka edlala kahle, esho. "Ukudlala kwami kuzozikhulumela ngokwako."

UPUNCH wakhulela emaphandleni aseBochum, eLimpopo, futhi njengomfowabo uWilly, wayehlanya ngebhola.

"Ngangidlala ibhola e-primary school lapho ngibizelwa izivivinyo eTransnet School of Excellence eGoli," ekhumbula. "Kodwa uma wathi ngangisemncane futhi kufanele ngihlale ekhaya. Kunalokho, babefuna ukuba kuhambe umfowethu.

"Wayenekhono ebholeni futhi nguye ababecabanga ukuthi uzoya kude ebholeni. Umndeni wakithi wathi kimi mangihlale ekhaya futhi ngeluse izinkomo. Yingakho ngizizonda kakhulu izinkomo manje!"

Wayevame ukubaleka ukuze agweme uku-yokwelusa izinkomo. "Ngangikuzonda. Ake-